# ISITATIMENDE SABEZINDABA SAKWASARS:

**15 kuNhlangulana 2022 –** USARS uziqaphele izinsolo zakamuva ezenziwe kumaphephandaba nasezinkundleni zokuxhumana zokuthi uKhomishana wakwaSARS ungumqondisi wenkampani omnini wayo nguMongameli uRamaphosa. Kusikisela ukuthi uSARS uthule ngezindaba zentela zikaMongameli uRamaphosa. Kuphinde kusolwe ukuthi uKhomishana wathola ucingo luvela kuMongameli uRamaphosa ukuze amsize kanti, ngokomthombo, uKhomishana wanqaba.

UKhomishana uKieswetter akayena futhi akakaze abe ngumqondisi wenkampani omnini wayo nguMnu. uRamaphosa.

Ngesikhathi eba nguKhomishana kuNhlaba 2019, uMnu Kieswetter, ngokuhambisana nokubusa okuhle nezinqubomgomo ezifanele, wasula kuzo zonke izikhundla ayengumqondisi kuzo.

UMnu. Kieswetter ubambelele ekuzibophezeleni kwakhe emphakathini ukuphatha izindaba zakhe ngendlela ezokwenza ukuba athenjwe umphakathi kanti uzoqhubeka nokwenza kanjalo.

Ngakho-ke, izinsolo zakamuva akukona ukuthi azilona nje iqiniso kuphela kodwa zikhohlakele ngokuzama ukuxhumanisa izindaba ezingamampunge mayelana nezinsolo zobuqondisi bukaKhomishana ekuzibophezeleni kukaSARS ekugcineni ubumfihlo bomkhokhintela.

Isiqinisekiso sobumfihlo bolwazi lomkhokhintela yilokhu abakhokhintela abakutholayo ngokuphoqeka ukuba bahlinzeke ngolwazi oluphelele kwaSARS. Ngaphandle kwesethembiso sobumfihlo ngokomthetho, ukulindela ukuthi umkhokhintela aphumele obala futhi ahlinzeke ngolwazi olushaya emhlolweni kwababakwa-SARS kuyaphela. Lesi sivumelwano esibhalwe saba umthetho phakathi kukaSARS nabakhokhintela siyisisekelo sohlelo lwethu lwentela, ngaphandle kwaso uSARS angeke ukwazi ukusebenza ngendlela. Umthetho ucacile ngokubeka imibandela uKhomishana wakwaSARS noma

nasiphi isisebenzi sakwaSARS esingakhipha ngaphansi kwayo ulwazi lomkhokhintela. USARS uzolandela umthetho.

UKhomishana akazange athole cingo oluvela kuMongameli uRamaphosa njengoba kusolwa. Phezu kwalokho, uKhomishana akazibandakanyi noma asebenze ngezindaba zomkhokhintela ngokwakhe. USARS ufuna ukugcizelela ukuthi usaqhubeka nokwenza umyalelo wawo wakho konke ukwephulwa komthetho wentela ngaphandle kokwesaba, ukwenzelela nokubandlulula kungakhathaleki izindima noma izikhundla zanoma imuphi umkhokhintela.

Ngolwazi olwengeziwe, sicela uxhumane ne SARSMedia@sars.gov.za